



Abaqophi BakwaZisize Abakhanyayo Children's Radio project

Njenge yakhe ingane / Just like his own

Nonkululeko, 11 years old, 2009

SFX: Sound of a bicycle being ridden

Nonkululeko: Ibhayisikilini lami lona umbala li purple linezimbali liyakhombisa ukuthi ibhayisikili lamathombazana libhaliwe futhi kodwa angifundanga ukuthi kubhalwe kuthini. Ibhayisikili lami ngilithanda kakhulu ngoba ngigibela lona umangizidlalela noma kungasekho esengikwenza ekhaya ngiyalithatha ngiyidlalele. Endaweni ingane eningi azinawo amabhayisikili lelangihlala ngakhona.

My bicycle is purple; it has flowers on it that show it's a girl's bike and it's also got something written on it but I don't know what it says. I like my bicycle so much. I ride it when I play or when there is nothing to do at home. In my community there are not many children who have bicycles.

SFX: Sound of bicycle being ridden

Nonkululeko: Sanibonani balaleli emakhaya mina igama lami ngingu Nonkululeko. Ngihlala eMphoweni, ngazalwa mhlaka 31 May 1998 ngine minyaka ewu 11.

Mina lapha ekhaya ngihlala noMama nomzali kodwa umzali akuyena uBaba wami wangampela. NoSiphe noSthe noWandy. Uma sengikhulile ngifuna ukuba udokotela ngisize abantu abagulayo, ngisize umphakathi wangakithi uhlale uphilile.

Hello listeners at home. My name is Nonkululeko. I live at Mphoweni. I was born on 31st May 1998 and I am 11 years old.

At home I stay with my mother, my stepfather, Nosipho, Sthe and Wandi. When I grow up I would like to be a doctor to help sick people. I want to help the community to stay healthy.

SFX: Goats

Nonkululeko: Manje sisekhaya siyorecoder uMama no Sthe ngokuphathwa nguMzali kahle njenge ngane yakhe . Ngiyahamba manje izinyawo zami lazithi khwa! khwa!

Manje sesingena emnyango.

We are going home to interview my mother and Sthe about how my stepfather treats me like his own child. I am on my way now.

This is the sound of my feet: Khwa! Khwa!

Now we are going through the door...

Mama: Ningagena hayi! Ningagumuli...

You can come in. No! Don't take off your shoes!

Nonkululeko: Ngicela uyichaze.

Please introduce yourself.

Mama: Mina igama lami ngingu Nonhlanhla Shiba ngigane KwaMalinga, la ekhaya kukwaMalinga kubo Nonkululeko

My name is Nonhlanhla Shiba, I have married into the Malinga family, and this is the Malinga's homestead, the home of Nonkululeko.

Nonkululeko: Ngelinye ilanga sihlale ekhaya umzali ntambama washo kuMama kuthi uzosiphathela amabhayisikili, wathi kuMama angasitsheli ukuthi kukhona azosiphathela khona. Waqhamuka ntambama asaqhamuka namabhayisikili wafike wasibiza wathi asiyowathatha.

Safike sawathatha sajabula sangena nawo endlini. Safika e dining room sahlala sasesiyolala sawatha salala nawo bathi asingayi kuyolala nawo ngeke athathwe umuntu thina sasithi kukhona ozowantshontsha abantu salala nawo siwaphethe ezandleni.

One evening my stepfather told my mother that he would be buying us bicycles, but he told her not to tell us that he would be bringing them. He came in the evening with the bicycles and he called us to go and get them.

We were so happy. We took them into the house - into the dining room where we were sitting. When it was time to go to sleep we wanted to take them into our bedroom, but they told us not to go and sleep with them and that nobody would take them. But we said people would steal them so we slept holding onto the bicycles.

Nonkululeko: Kungani umzali angasitsheli kuthi kukhona azosiphathela khona ngenkathi asithengela amabhayisikili?

Why did my stepfather not tell us that he would be bringing us something the day the bought us bicycles?

Mama: Shothi wayefuna nijabule uma athi uyaqhamuka nje, aqhamuke athi nawa mapresent enu. Nijabule kanti efuna animangalise nje.

I suppose he wanted you to be happy when he came with presents, he wanted to surprise you.

Nonkululeko: Yini umZali angithande njenge ingane yakhe?

Why does my stepfather love me as his own child?

Mama: Phela njengoba athanda mina nje nawe kumele akuthande njenge ingane akakhethanga njenga mina wangithanda vele ukhona wena manje nje nawe kumele akhuthathe njenge ingane yakhe.

If he really loves me he should also love you as my child, he should not discriminate. He fell in love with me when you were already around, that means he should take you as his own child.

Nonkululeko: Kunjani ukuhlala nami?

What is it like living with me?

Mama: Awu kumnandi kakhulu mtanami, ngekekulunge ngaphandle kwakho. Ngoba anginawo amatombazana nguwe kuphela intombazane manje nje ngijabula kabi ukuhlala nawe, sengingathi unghalala usedute ngaso sonke isikathi.

Awu, it is so nice my child, I wouldn't manage living without you because I don't have any other daughters: you are the only one. I am so happy to live with you, and I wish you would live close to me always.

- Nonkululeko: Kungani abanye oMama bangathandi ukhuhlala nezingane zabo uma bashade komunye umuzi?
Why do some mothers not stay with their children when they have married into another family?
- Mama: Ngiyacabanga kutsi kusuke kulabo Baba abasuke bahlala nabo mhlampe athi lomkhweyana mine ngifuna wena kuphela, ingane owayithola phambilini angiyifuni kungcono ushiye ekhaya manje nje mina umzali wavele wathi nje ungithanda nengane yami.
I think it's because of the husband, maybe he says "I only want you, I don't want the child you had previously, its better you leave it behind". Your stepfather told me that he loves me and my child.
- Nonkululeko: Wena wazizwa kanjani nga lokho?
How did you feel about that?
- Mama: Ha! Ngabona kutsi uyangitsandza ngempela ngoba akakucwasanga wena.
Ha! I saw that he really loved me because he did not discriminate against you.
- Nonkululeko: Uthini umlayezo wakho walabo Mama?
What is your message to those other mothers?
- Mama: Eyi! Hhe yati angati kutsi ngingatsini, minenje umuntu makutsandza akuthande neyngane zakho angakucwasi angakuhlukanisi nengane yakho .
I don't know what to say; when a person loves you he should love you with your child, without discriminating against your child and separating you from your child.
- SFX: Bicycle being ridden
- Nonkululeko: Sawubona.
Hello.
- Sthembiso: Yebo.
Hello.
- Nonkululeko: Unjani?
How are you?
- Sthembiso: Ngiyaphila
I am fine.
- Nonkululeko: Ngicela uyichaze
Please introduce yourself.
- Sthembiso: NginguSthembiso Malinga.
I am Sthembiso Malinga.
- Nonkululeko: Wazizwa kanjani ngenkathi basithengela amabhayisikili?
How did you feel when we were bought bicycles?
- Sthembiso: Ngazizwa ngujabula
I felt happy.
- Nonkululeko: Ngoba?

Why?

Sthembiso: Kumnandi.

It's nice.

Nonkululeko: Chaza kuthio ibhayisikili lako linjani umbala linani.

Tell us more about your bicycle. What does it look like?

Sthembiso: Limnyama, lihle.

It's black and beautiful.

SFX: Children and goats

Nonkululeko: Umlayezo wami ngithi nina boBaba enihlala noma nina boMama nezingane ezingasizona ezenu niphathe nje nge ngane zenu hayi khithi niyihlukumeze nicwase . Mina umzali ungiphatha kahle noma ngasiyo ingane yakhe umzali ungiphatha njenge ngane yakhe kodwa uyangithengela uma athengela ingane zakhe izimphahla nami uyangithengela. Siyabonga nje sibonge size siguqhe ngamadolo sibonge.

My message to stepfathers and stepmothers is that you should treat your step children well; do not abuse them or discriminate against them. Treat them as well as your own children. My stepfather treats me as his own child. When he buy clothes for his children, he also buys for me. We are so thankful that we get down on our knees to show how much we appreciate [what he does for us].

SFX: Children and goats and homestead noises



For further information contact:

Bridget Walters
Zisize Educational Trust
bridgetw@iafrica.com
+27 35 572 5500



Helen Meintjes
Children's Institute
helen.meintjes@uct.ac.za
+27 21 689 5404



Web: www.childrenradioproject.ci.org.za